

REVIEW 11
MARCH 2021



Accreditation Number 13SCH0100008 Registration Number 122581

DOMINO SERVITE SCHOOL

CODE OF CONDUCT

ISIZULU

OKUQUKETHWE

ISENDLALELO.....	2
Isingeniso senqubomgomo	2
Esikumele	2
Ukwethulwa kwenqubomgomo	2
Ukuphatha ngokusemthethweni	3
Isikhungo	3
Imigomo yesikole	3
Ulimi lokufundisa	4
Izimali zesikole.....	4
Ukuphumelela kwezemfundo	4
IMITHETHO NENQUBO	5
UMTHETHO 1 OKUJWAYELEKILE	5
1 Ukungaphuthi.....	5
2 Umfaniswano wesikole.....	6
3 Umfaniswano wezemidlalo	8
4 Umfaniswano wezemidlalo okhethekile	8
5 Umfaniswano wamabhoda	8
6 Umfaniswano ojwayelekile	9
7 Ukubukeka	10
8 Ukuvikeleka kwempahla yabafundi.....	11
UMTHETHO 2 INDLELA YOKUZIPHATHA ELINDELEKILE	12
1 Ukuziphatha	12
2 Izakhiwo zesikole kanye namagceke	13
3 Izindawo abafundi abangavunyelwe ukuba kuzo.....	14
4 Amacala anzima.....	15
5 Ezemidlalo, okwenziwayo ngaphandle kokufunda kanye nemisebenzi yesikole	17
6 Imithetho yezinsizakusebenza, yezindawo ezithile namaklasi athile.....	18
7 Izivivinyo nokuhlolwa.....	19
8 Ukuklonyeliswa nokujeziswa	20
9 Inqubo yokuklommelisa nokujezisa	21
10 Izinyathelo ezithathwayo uma kuqondiswa abafundi	24
11 Indlela elandelwayo.....	25
12 Isiphetho	26
UMTHETHO 3 UKUXOSHOWA OKWESIKHASHANA	27
UMTHETHO 4 UKUXOSHOWA.....	28
UMTHETHO 5 UKULALELA KOKUQONDISWA.....	29
UMTHETHO 6 ISIKHALO/UKUNCENGA.....	30
Ifomu lokuzibophezela kwiNqubomgomo	31

I-OVAVIYU

ISINGENISO

Lesi sikole saqalwa ukwenelisa izidingo zabantwana bezithunywa zenkolo abasebenza ngaphansi kweMishini yaKwasizabantu, lapho sakhiwe khona.

ESIKUMELE

Isikole i-Domino Servite sizinikele ukuba sibe yindawo enentokozo, esekelwe ngobuKhristu lapho bonke abafundi bevunyelwe ukuthuthukisa ukuziqonda futhi babe yizakhamizi ezinokwethembeka, eziseqophelweni eliphezulu kwezemfundo futhi ezinezimilo ezinesisekelo ezwini leNkosi.

UKWETHULWA KWENQUBOMGOMO

Le Nqubomgomo ihlelwe nabafundi, abafundisi, abazali babafundi kanye neBhodi leziphathimandla, ukuze lelo nalelo qembu kwasebaluliwe ngenhla libe negalelo ekwakhiweni kweNqubomgomo.

Ithatha indawo yawo wonke amapholisi esake saba nawo eDomino maqondana nokuziphatha futhi usebenza kusukela ngonyaka wezi-2002.

Bonke abazali nabafundi emabangeni 4-12 kumele bayemukele le Nqubomgomo ngokusayina isivumelwano ngesikhathi bebhalisa esikoleni noma-ke ngesikhathi bebhalisa ngonyaka nonyaka.

Inqubomgomo yesikole i-Domino Servite yakhelwe phezu kwale migomo elandelayo:

1. Ukuziphatha ngendlela edingekile ekuqhubekeni kahle kwesikole nenqubekela phambili yemigomo yesikole.
2. Imigomo yemfundo evumela isikole ukuba sisebenze ngokubambisana nokuthula.
3. Ukwakhiwa kwendawo ephephile, enempilo futhi evikelekile.
4. Ukuvumela amalungelo othisha okufundisa, nokwenza ukufunda kugeleze ngendlela endaweni yokufundela, namalungelo abafundi okufunda endaweni evikelekile esizayo ekufundeni.
5. Ukukhuthaza ukuzihlonipha, ukuzithiba nokwethembeka.
6. Izinyathelo zokuqondiswa ziyothathelwa ukulungisa ngokwesilinganiso hhayi ukuhlawulisa. Kuyokwenziwa imizamo ukuba kuqondiswe ngokufanelekile nangokulingene njengoba kuyisisekelo sayo yonke imfundo esikoleni.

7. Imigomo yeBhayibheli, siyemukela ngokuphelele, ekuphatheni ngokwenkolo nangokuziphatha.
8. Bonke abafundi basesikoleni i-Domino Servite bakhuthazwa ukuziphatha ngokwenkolo yobuKhristu, esikoleni nangaphandle kwesikole.
9. Isikole i-Domino Servite siyavumelana neBhayibheli ekuqhakanjisweni kweqhaza elibanjwa ngabazali ekukhuliseni abantwana, ngakho-ke isikole silindele ukuba abazali babambisane nesikole ukugcina iNqubomgomo.

UKUPHATHA NGOKUSEMTHETHWENI

INqubomgomo yenziwe ngokuhambisana nesigaba 8 (1) ngaphansi komthetho 84 omiselwe ukuphathwa kwezikole eNingizimu Afrika owasungulwa ngonyaka we-1996. Le Nqubomgomo iyahambisana noMthethosisekelo waseNingizimu Afrika, Umthetho 108 owasungulwa ngonyaka we-1996; Umthetho wezikole zaseNingizimu Afrika; Umthetho wezikole zakwaZulu Natali, Umthetho 3 owasungulwa ngonyaka we-1996 kanye nayo yonke imithetho ya-KwaZulu-Natali esifundazweni sonke.

Umthetho 84, 1996: Isiqephu 8 (1) *“Ngaphansi kwanoma yimuphi umthetho wesifundazwe, isigungu samalunga ebhodi esikoleni esizimele kufanele sibe neNqubomgomo yabafundi emva kokubonisana nabafundi, abazali kanye nabafundisi (othisha) basesikoleni.”*

Isiqephu 8 (4) *“Akukho okutholakala kulo mthetho okukhiphela ngaphandle umfundi ekutheni ahambisane neNqubomgomo yesikole afunda kuso.”*

ISIKHUNGO

Isikole i-Domino Servite yisikole esiyinhlanganisela (yamabanga R – 12) futhi yisikole esizimele samaKhristu esiphethwe yisigungu sebhodi.

Njengoba isikole i-Domino Servite sisemagcekeni aseMishini Kwasizabantu, siyabuhlonipha ubuholi beMishini.

IMIGOMO YESIKOLE

Ukuze sibambelele ezisekelweni zesikole njengesikole seMishini, izimiso nezifiso zeningi labazali; isikole i-Domino Servite siyisikhungo sobuKhristu esiqhuba ngendlela ekhombisa ukuqonda ukuthi iBhayibheli liyizwi likaNkulunkulu. Ngakho-ke iNqubomgomo igxile emigomeni nasezisekelweni zobuKhristu.

Isigaba sama-27, 1996: Isahluko 4 (a) (vii); *“Inqubo kaZwelonke yemfundo izolandela ukuthuthukiswa nokuvikelwa kwamalungelo abo bonke abantu, kwakhiwe lapho kunokwenzeka kahle izikhungo zemfundo ezinesisekelo solimi olujwayelekile, impucuzeko kanye nenkolo; uma nje kungekho ukucwaseka kohlanga oluthile.”*

ULIMI LOKUFUNDISA

Ulimi lokufundisa yisiNgisi.

IZIMALI ZESIKOLE

Isikole i-Domino Servite yisikole okukhokhwa kuso imali. Kumele imali yesikole ikhokhwe ukuze kuhlantshizwe izidingo zalokho okumiselwe unyaka nonyaka.

Isigaba sama-84, 1996: Isahluko 39 (1); *“Ngaphansi kwalo mthetho, izimali zesikole zinganqunywa zibizwe esikoleni somphakathi uma kuphela isiphakamiso emhlanganweni wabazali esivunye yiningi labazali abasemhlanganweni okukhulunywa ngawo esahlukweni sama-38 (2)”*.

Isahluko 41; *“Ibhodi lesikole somphakathi lingakwazi ukuphoqelela ukukhokhwa kwezimali zesikole ngabazali abakweletayo njengoba kuchaziwe esahlukweni sama-40.”*

UKUPHUMELELA KWEZEMFUNDO

Isikole i-Domino Servite siyisikole semfundo esekelwe ebuKhristweni ngakho-ke amandla okuphumelela kwezemfundo nokwenza komfundi kuyobhekwa uma efakwa ebangeni elithile nasekuqhubekeni njengelunga lesikole.

Isikole i-Domino Servite siyabahlola abafundi ngaphambi kokuba baqale ukufunda ukuze kuqinisekisewe izinga akulo umfundi bese efakwa kulelo banga elimfanele.

Isigaba sama-84, 1996: Isahluko 21 (l) (b); *“... iBhodi lesikole linganquma ...ngokuzikhethela izigamu zezingxenyana zezinhlelo zemfundo yesifundazwe.”*

IMITHETHO NENQUBO

UMTHETHO 1: OJWAYELEKILE

1. Ukungaphuthi

Abazali nabafundi kufanele baqonde ukuthi, ngokomthetho, abantwana abavunyelwe ukuphutha esikoleni uma besezingeni leminyaka yokuya esikoleni.

Isahluko 3, (6) (a): *“Noma yimuphi umzali ...ohlulekayo ukugcina lo mthetho osesahlukwaneni (1), unecala angakhokhiswa inhlawulo noma avalelwe esitokisini isikhathi esingaphansi kwezinyanga eziyisithupha.”*

- 1.1 Isikhathi sesikole kufanele sihlonishwe.
- 1.2 Akekho umfundi ovunyelwe ukuphuma emagcekeni esikole singakaphumi isikole ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi ehhovisi likaThishanhloko; nokho abafundi abahlala ngaphandle kwesikole banelungelo lokuya emakhaya ngesikhathi sekhefu.
- 1.3 Abafundi kufanele balethe isicelo esibhalwe ngumzali/umphathi kusenethuba ukwazisa isikole ukuthi umntwana uzobe engekho esikoleni ngezizathu ezithile. Lokhu futhi kuqondene nokuphutha noma kuyiphi into eyenziwayo esikoleni.
- 1.4 Uma umfundi ebika ukungaphili ngesikhathi sesikole, umfundisi (uthisha) wakhe wangaleso sikhathi ukhululekile ukumthumela lowo mfundi ehhovisi likaThishanhloko noma kumhlengikazi wesikole.
- 1.5 Umfundi ohlala ngaphakathi kumele abike kophathelene nabafundi abahlala ngaphakathi esesehostela uma engaphilile kahle. Abafundi bangasala kuphela ehostela uma benemvume yokukwenza lokho.

2. Umfaniswano Wesikole

Ukuze kuhanjiswa nenqubo yesikole, iBhodi lanquma kuMthethosisekelo umthetho wokuthi abafundi balesi sikole kufanele bagqoke umfaniswano abamiselwe wona esikoleni ozothengiswa yisikole. Ngezansi kunohla lwezambatho ezichaziwe kuMthethosisekelo.

2.1

UMFANISWANO WAMANTOMBAZANE	
Inombolo 1 (esemthethweni)	
IBanga 1-6	IBanga 7-12
I-tunic eyisikhoshi	Ishethi elimhlophe elinemkhono emide
Ijezi elimpunga	Ibhuleza
Amasokisi amafishane amhlophe	Isikhethi esine-tartan
Izicathulo ezimnyama zesikole	Uthayi
	Ijezi elingenamikhono elimpunga
	Amasokisi amade a-navy noma amafishane amhlophe
	Izicathulo ezimnyama zesikole
Umfaniso Wasehlobo	
I-tunic eyisikhoshi	Ishethi elimhlophe elinemikhono emifishane
Ijezi elimpunga elingenamikhono nelinezinkinobho	Isikhethi esiyisikhoshi
Ikepisi/isigqoko ngekhefu	Ijezi elimpunga elingenamikhono nelinezinkinobho
Amasokisi amhlophe amafishane	Ikepisi/isigqoko ngekhefu
Izicathulo ezimnyama zesikole	Amasokisi amhlophe amafishane
	Izicathulo ezimnyama zesikole
	I-windbreaker mayigqokwe kuphela uma kubanda ngokweqile
Umfaniswano Wasebusika	
Kuyefana nowasehlobo	Kuyefana naku nombolo 1
Ithayithi e-navy	Ijezi elimpunga elingenamikhono/elinezinkinobho/ibhuleza
Isikhafu	Isikhafu

2.2

UMFANISWANO WABAFANA	
Inombolo 1 (esemthethweni)	
IBanga 1-6	IBanga 7-12
Ishethi elimhlophe elinemikhono emifishane	Ishethi elimhlophe elinemikhono emide
Izikhindi ezimpunga	Ibhulukwe elimpunga elide kanye nebhande lesikhumba elimnyama elingenamhlobiso.
Ijezi elimpunga eliwu V-neck	Ibhuleza
Amasokisi ampunga amade	Uthayi
Izicathulo ezimnyama zesikole	Ijezi elimpunga elingenamikhono
	Amasokisi ampunga amafishane
	Izicathulo ezimnyama zesikole
Umfaniso Wasehlobo	
Kuyefana naku nombolo 1	Ishethi elimhlophe elinemikhono emifishane
Ijezi elimpunga elingenamikhono/eliwu V-neck	Ibhulukwe elimpunga elide
Ikepisi/isigqoko ngekhefu	Ijezi elimpunga elingenamikhono (elinemikhono) eliwu V-neck/ noma ibhuleza.
	Ikepisi lase-DSS ngekhefu
	Amasokisi ampunga amafishane
	Ibhuleza iqgokwa kuphela uma kubanda ngokweqile
Umfaniswano Wasebusika	
Kuyefana nowasehlobo	Kuyefana naku nombolo 1
Ibhulukwe elide/izikhindi elimpunga	Ijezi elimpunga elingenamikhono/elinezinkinobho/ibhuleza
Isikhafu	Isikhafu

2.3

UMFANISWANO KAMATIKULETSHENI
UMatikuletsheni ugqoka amajezi angenamikhono amhlophe nezikhafu ezimpunga

2.4

OKUNYE
Ama-drimac emvula atholakala esikoleni
Amajakhethi afudumele atholakala esikoleni

3. Sports Uniform

UMFANISWANO WEZEMIDLALO	
Amantombazane	Abafana
Isiketi sezemidlalo	Izikhindi ezi-navy
Ishethi lezemidlalo	Ishethi lezemidlalo
Ishethi lezokusubatha	Ivesti yezokusubatha
Ikepisi/isigqoko	Ikepisi/isigqoko
Ibhantshi le-tilekisudi	Itilekisudi
Amasokisi amade anemigqa e-navy nephuzi	Amasokisi amade anemigqa e-navy nephuzi

4. Umfaniso Wezemidlalo Okhethekile

- 4.1 Umfaniswano weqembu ugqokwa iqembu elimele isikole ngokusemthethweni.
- 4.2 Umfaniswano weqembu ngowesikole.
- 4.3 Imifaniswano yezemidlalo ikhishwa abaqeqeshi baphinde bayiqoqe emva komdlalo.
- 4.4 Yilelo nalelo qembu linomfaniswano walo owehlukile ogqokwa kuphela yilabo abakhethelwe lelo qembu.

5. Umfaniswano Wasehostela

Umfaniswano wasehostela odayiswa esikoleni kumelwe ugqokwe yibo bonke abafundi emva kwesikole.

UMFANISWANO WANSUKU ZONKE WABABHODAYO	
Amantombazane	Abafana
Izingubo/iziketi ezimpunga	Izikhindi ezi-khakhi (Bermuda)
	Ibhulukwe elide lika-khakhi
	Ama-T-shethi anemibala ehlukehlukehene
	Ijezi elimnyama
	Umfaniswano wezemidlalo ophelele noma owasehostela
UMFANISWANO WABABHODAYO WANGESONTO	
Isiketi esi-navy	Ishethi elimhlophe/okuyisibhakabhaka elinemikhono emide
Ishethi eliphuzi/eliphinki/okuyisibhakabhaka	Ibhulukwe elide lika-khakhi/elimpunga
Izicathulo ezamukelekile (bayazikhethela)	Abafana kumele bagqoke othayi (bayazikhethela)

6. Umfaniswano Ojwayelekile

Kungumsebenzi wabo bonke othisha namaphrifekthi ukwenza isiqiniseko sokuthi abafundi bagqoke umfaniswano ohlanzekile futhi osemthethweni ngazo zonke izikhathi. Lokhu kungenziwa lapho abafundi bengalindele beshintsha amakilasi noma ngesikhathi sesifundo. Abaphathi banegunya lokuvumela okwehlukile maqondana nezidingo zomfaniswano.

- 6.1 Awukho omunye umfaniswano noma ezinye izingubo, izigqoko, amakapisi, izigqoko, njll, okungaxutshwa nomfaniswano wesikole.
- 6.2 Yizicathulo ezimnyama kuphela ezingagqokwa. Izicathulo kufanele zipholishwe ngazo zonke izikhathi. Ama-gumboots angagqokwa uma lina kodwa kumele kumele kungenwe ngezicathulo zesikole ekilasini.
- 6.3 Abafundi bavunyelwe ukugqoka amajazi emvula esikole uma lina noma kumakhaza.
- 6.4 Izikhafu zesikole zingagqokwa uma kumakhaza kakhulu.
- 6.5 Ukuhlola umfaniswano kwenziwa izikhawu eziningi.
- 6.6 Umfaniswano wamantombazane kufanele ube mude ngokwanele.

7. Ukubukeka

- 7.1 Izizipho kufanele zinqunywe zibe mfushane.
- 7.2 Akuvunyelwe ukupenda izizipho.
- 7.3 Izinwelwe kumele zingalengeli ebusweni, zihlanzeke futhi zibukeke.
- 7.4 Kumele intshebe nehwanqa kushefwe uma sekubonakala.
- 7.5 Akunyelwe ukuziphophotha.
- 7.6 Ubucwebe abuvunyelwe ngaphandle kwamawashi noma okuxwayisa ngohlobo oluthile lokwelashwa.
- 7.7 Uma abafundi bezigqokele izimpahla zabo zasekhaya kumele kube yizimpahla ezihambisana nenqubo yaseMishini.

8. Ukuvikeleka Kwempahla Yabafundi

Yonke impahla yomfundi nokokugqoka makuqashelwe umfundi ukuthi kungebiwa. Nokho abaphathi besikole bayokwenza okusemandleni ukuvikela impahla yabafundi ekutheni ingalahleki, ingantshontshwa noma ilimale. Isikole asinakubekwa cala nganoma yini engalahleka.

UMTHETHO 2: INDLELA YOKUZIPHATHA ELINDELEKILE

Izinga lama-order marks liyohlonzwa yithimba lababhekelela abafundi kanye nobuholi (i-LLM)/BOD kulabo bafundi abephula eminye yemithetho elindelekile yokuziphatha ebhalwe eMthethweni we-2.

1. Ukuziphatha

Sisebenzisa indlela ye-Order Mark System nakokulandelayo:

- 1.1 Ukuziphatha komfundi kufanele kuhambisane nenqubo ebekiwe ukuhlonipha igama lesikole.
- 1.2 Abafundi kufanele bahloniphe ngaso sonke isikhathi, ikakhulukazi othisha, ama-prefects nazo zonke izivakashi ezifika esikoleni. Lokhu kusho nokusukuma uma umfundi ekhuluma nababaluliwe ngenhla asize nalapho kudingeka khona usizo. Le ndlela yokuziphatha ilindeleke zonke izikhathi noma kungesona isikhathi sesikole.
- 1.3 Iziyalo ezivela kubafundisi nama-prefects kufanele zihlonishwe masinyane nangesasasa, noma ngabe lezo ziyalo zingathandeki.
- 1.4 Ukuhlafunwa kukashingamu akuvunyelwe uma kuhlengenwe ngokwesikole, emagcekeni esikole kanye nasemahostela.
- 1.5 Ukudla ngezikhathi zokufunda emaklasini nasemahostela akuvunyelwe nhlobo.
- 1.6 Ukudlala imidlalo eyingozi emagcekeni esikole nangezikhathi kuhlengenwe ngokwesikole akuvunyelwe.
- 1.7 Ukuntshontsha noma ukusebenzisa impahla yomunye ngaphandle kwemvume akuvunyelwe.
- 1.8 Abafundi abavunyelwe ukuba nama-electronic receiving devices, ama-transmission devices, nama-media players, njll. emahostela, emagcekeni esikole/ngezikhathi eziphathelene nesikole, ngaphandle uma umntwana enikwe imvume ngaphambi kwesikhathi.
- 1.9 Abafundi akufanele baphazamise ukufunda, umthandazo nanoma yimuphi umhlangano ngamabomu.
- 1.10 Umsindo omkhulu ngokweqile ngeke neze ubekezelelwe.
- 1.11 Amabhoda angasebenzisa izingcingo zesikole kuphela.

2. Izakhiwo Zesikole Kanye Namagceke

- 2.1 Izakhiwo namagceke kufanele kugcinwe kuhlanzekile kukuhle. Ukuhlaphaza akuvunyelwe.
- 2.2 Uma kushintshwa amakilasi kumele kuhanjwe ngemigqa.
- 2.3 Abafundi abashiya amaklasi ngezikhathi zokufunda kufanele baphathe izigqebhezana ezikhombisa imvume.
- 2.4 Umonakalo owenzeke noma kuphi esikoleni kufanele ubikwe ngokushesha, kumfundisi osemsebenzini ngaleso sikhathi noma-ke ehhovisi.
- 2.5 Akuvunyelwe ukona impahla yesikole noma ngayiphi indlela, isib. Ukubhala amadeski, izihlalo noma izindonga.
- 2.6 Abafundi abafika esikoleni beshayela noma iyiphi imoto kufanele babe nezimvume ezisemthethweni.
- 2.7 Abafundi abavunyelwe ukwemukela noma ngabe yisiphi isivakashi ngaphandle kwemvume yomfundisi osemsebenzini ngesikhathi sesikole, oma-ke osebenza ehostela emva kwesikole. Zonke izivakashi ezifisa ukubona umfundi noma umfundisi kufanele zibike ehhovisi kuqala.
- 2.8 Izindawo zokushintshela nezindlu ezincane kufanele zihlale zizinhle zihlanzekile. Ukuchitha isikhathi kanye nokudlala kulezi zindawo akuvunyelwe.
- 2.9 Izindlu zangasese kufanele zisetshenziswe ngendlela ukuze zingaphoxi isikole noma labo abazisebenzisayo. Kufanele zihlale zizinhle zihlanzekile.
- 2.10 Ompompi abavuzayo namanzi agelezayo, njll; makubikwe ehhovisi ngokushesha.

3. Izindawo Abafundi Abangavunyelwe Ukuba Kuzo

- 3.1 Zonke izindlu zokufundela ngaphambi kokungena kwesikole, ngezikhathi zamakhefu nalapho sesiphumile isikole; ngaphandle kwemvumo kamfundisi ecacile.
- 3.2 Ihholo lesikole, ngaphandle kwezikhathi zokufunda nangekhefu, kubafundi abathize.
- 3.3 Ababhodile kulandelwa i- Boarding Policy.
- 3.4 Abafundi abahlala emakubo: abavunyelwe ukuya emahostela, ngaphandle uma bephethe imvume
- 3.5 Amabhodile bavumeleke ukuya esitolo ngezikhathi esibekiwe.

4. Amacala Anzima

Okulandelayo sikubiza ngamacala anzima futhi awavunyelwe neze. Ukuwenza kungaholela ekuxoshweni njengoba kusho Umthetho 4.

- 4.1 Ukusabisa ngomlomo noma ngokubhaliwe.
- 4.2
 - Inhlamba
 - Ukusebenzisa ulimi oluhlambalazayo
 - Ulimi oluthukayo
 - Ukukhombisa izimpawu eziyichilo
 - Ukulwa
 - Ukwedelela
 - Ukuhlukumeza
 - Ukuhlukumeza ngezobuchwepheshe
 - Ukusabisa
 - Ukuphatha kabi
 - Ukwethusa
 - Ukusebenzisa noma ukuba amagama nomculo ongamukelekile
 - Ukukhokhela imvalamlomo
 - Ukubandlulula ngokobuhlanga
 - Ukuthumela imiyalezo engamukelekile
- 4.3 Ukwehluleka ukwemukela isijeziso noma ukumiswa esikoleni njengengxenye yokulungisa okonakele
- 4.4 ukukhwabanisa idokodo elithile noma isignesha yomuntu ngenhloso yokuzuzisa noma ukulimaza isikole
- 4.5 Ukuhwebelena nganoma yisiphi isivivinyo noma amaphepha okuhlolwa, noma yini eqondene nesivivinyo nokuhlolwa
- 4.6 Ukuvala umlomo noma ukuzama ukugqiba ngenhloso yokuzuza ngokungafanele maqondana nesivivinyo nokuhlolwa
- 4.7 Inkohlakalo
- 4.8 Ukweba
- 4.9 Ukungathembeki okudala ukwahlulela abanye ngokucwasa
- 4.10 Ukutholakala unento noma ukusebenzisa/ukudayisa noma yini edunga umqondo
- 4.11 Ukuba nesidakamizwa noma ukusebenzisa kanye/noma ukudayisa umbandakanyeke ngesidakamizwa esingekho emthethweni esidunga umqondo
- 4.12 Ukuphatha into esikoleni engabonakala njengesikhali kubaphathi
- 4.13 Ukuhlasela (kubalwa nokubulala) noma ukwethusa ngokuhlasela

- 4.14 Ukuthumba umuntu
- 4.15
- Ukudlwengula
 - Ukuzimbandakanya kunoma yisiphi isenzo socansi
 - Ukuzimbandakanya kwezothando
 - Ukuthinta ngendlela evusa imizwa yocansi
 - Ukuhlanganisa abantu ngezothando
- 4.16 Ukucekela phansi impahla ngenhloso
- 4.17 Ukungena endaweni engagunyaziwe noma ukusebenzisa isikole/impahla yeMishini ngaphandle kwemvume
- 4.18 Ukukhohlisa/amanga/ukusakaza amahemuhemu alimazayo
- 4.19 Ukuletha ubhenzini noma yini enye engadala umlilo, ugwayi, utshwala, izidakamizwa noma izithombe zabanqunu endaweni yesikole, emahostela nokuba ngumnikazi wezinto ezinjalo
- 4.20 Ukubhema
- 4.21 Ukuphuza utshwala, ukusebenzisa izidakamizwa, nanoma yini edakanayo kanye/noma edunga umqondo
- 4.22 Ukutholakala umdibi munye nabafundi ababhemayo, abaphuzayo, abasebenzisa izidakamizwa, noma okunye okudakanayo
- 4.23 Ukungena endaweni ungagunyaziwe
- 4.24 Ukufuna ulwazi kumakhompyutha ngenhloso yokulimaza
- 4.25 Izenzo zobugebengu
- 4.26 Ukudala amaqembu kanye/noma ukubamba imihlangano/ukusebenzisa izinkundla zokuxhumana okubukela phansi umbono nomgomo wesikole nowe-KSB Mishini.

5. Ezemidlalo, Okwenziwayo Ngaphandle Kokufunda Kanye Nemicimbi Yesikole

- 5.1 Abafundi bangaba yingxenye yezemidlalo nokunye okwenziwa esikoleni.
- 5.2 Ubulunga beqembu, umphakathi noma iqembu kufanele bazinikele babe khona kukho konke ukuzilolonga, imidlalo, imicimbi, njll. ephathelene nalelo qembu.
- 5.3 Wonke amalunga eqembu anoma yiluphi uhlobo lwezemidlalo noma okunye okwenziwayo, kufanele agqoke lokho okubaluliwe noma umfaniswano otholakala ohleni lomfaniswano wesikole. Lokhu kubhekiswe nangezikhathi zokuzilolonga.
- 5.4 Uma umfundi ezimbandakanya emidlalweni othile noma emqhudelwaneni, unompempe noma isinqumo sikamehluleli kufanele simukelwe ngaphandle kokungabaza.
- 5.5 Bonke abafundi balindeleke ukuba babe khona emicimbini yesikole ukulekelela isikole, namaqembu noma idlanzana elidlalayo. Ngokujwayelekile bagqoka umfaniswano wesikole
- 5.6 abafundi abavunyelwe ukuhamba nabanye abantu ukuya kwezemidlalo nokunye ngaphandle kwemvume yabazali ebhalwe phasni esuke inikezwe uthisha/umqeqeshi obaphethe ngaphambi kwesikhathi.

6. Izinsizakusebenza, Izindawo Ezithile Namaklasi Athile

- 6.1 Iklasi lama-Khompyutha, ama-laboratories, umtapowolwazi, namaklasi okufunda kanye nehostela kunemithetho yakho okumele igcinwe
- 6.2 Wonke amathuluzi ezemidlalo kufanele asetshenziswe kuphela uma kunemvumo futhi abuyiswe emva kokusetshenziswa.

7. Izivivinyo Nokuhlolwa

- 7.1 Izivivinyo nokuhlolwa kuyoqhutshwa ngendlela efanayo neyokuhlolwa kukaMatikuleletsheni, isib. Okungahambi ngohlelo kuyobhekwa ngeso lokhozi futhi abafundi abatholakala bekopela, njll. udaba lwabo luyosetshenzwa isigungu esibhekelele amaphutha ezivivinyo.
- 7.2 Ukuphutha kubhalwa isivivinyo noma ukuhlolwa kudinga incwadi kadokotela. Lapho kubonakala izinkomba zokuvama ukuphutha komfundi ezivivinyweni zamamaki nokungezona ezamamaki, kungenzeka isikole sicele incwadi kadokotela ukuze kuqinisekisewe izinga lenkinga yokugula komfundi.

8. Ukuklonyeliswa Nokujeziswa

- 8.1 Yize kuyinto ejwayelekile ukujezisa labo abenza okuphambene, kubalulekile ukuklommelisa labo abenza kahle, ukubakhuthaza bona nabanye ukuqhubeka nokulangazelela ukwenza okuhle. Okunye Uhlelo lokuklommelisa kumele lusize abonile ukuguqula irekhodi lezijeziro ngokwenza okufanele ngaleyo ndlela bazizuzele 'imiklommeli'. Lokhu sithemba ukuthi kuzobakhuthaza ukuba baziphathe kahle, badede kokubi nokulimazayo.

Umhlahlandlela weNqubomgomo yabafundi etholakala kwi-Gov. Gazette No 18900, 15 Meyi 1998: Isahluko 1.4. *“Inhlosongqangi yeNqubomgomo wukuqondisa ngokwakha; ayihlosile ukupanisha nokujezisa, kodwa (kumele) igqugquzele ukwakha ifundise.”*

- 8.2 Yize isijeziro silinganiswa nokona, ukuzilwela nokungakhombisi ukuzisola kuyobhekwa njengokubhebhethekisa isimo okungaholela esijeziroweni esiqinile yize ukona bekungekukhulu. Uma umfundi owonile ethembeka, avume icala lakhe ngokushesha futhi akhulume iqiniso isijeziro singaxegiswa.
- 8.3 Ukulinganisa isijeziro, ikakhulukazi lapho umfundi enze isenzo esibi kakhulu, kolandela emva kokunikezwa lowo mfundi ithuba lokulalelwa bese kuthathwa-ke isinyathelo esifanele.

Umthetho No. 84, 1996: Isahluko 8 (5); *“INqubomgomo kufanele ihlinzeke ngesinyathelo sokuvikela okuqondene nezidingo zomfundi nanoma yimuphi omunye umuntu obandakanyeka kulokho kuqondiswa.”*

- 8.4 Uma kwenzeka ukuthi umfundi abonise izimpawu zokuzisola mayelana nephutha lakhe bese uthisha efisa ukusula ama-order marks, angaxhumana ne-LLM mayelana naleso sicelo, kuye ngokuthi isicelo sakhe sisekelwe amaphuzu anesisindo esifanele yini.

9. Inqubo Yokuklomelela Nokujezisa

9.1

UKUMA KWAMAPHUZU AMA-ORDER MARKS	
Order Marks	Ukweqa Umthetho
0-15	Ukuba seklasini/ngaphandle kweklasi/kwehostela ngaphandle kwemvume.
0-15	Ukhlafuna ushingo.
0-15	Ukuziphatha ngendlela ephazamisayo esikoleni/ehostela/ngesikhathi sokufunda/kwezemidlalo.
0-15	Ukufaka izandla emakhukhwini.
0-15	Ukungawuqedi umsebenzi wasekhaya.
0-15	Ukuphuza ukufika emthandazweni nakulokho okwenziwayo esikoleni.
0-15	Ukusebenzisa ibhodi ngendlela engafanele. Udweba imidwebo engemihle, njll.
0-15	Ukungahambi ngomugqa oqondile/ukukhuba/ukududulana.
0-15	Ukugqoka umfaniswano ongaphelele, okungewona noma uqgoke ngendlela yokungazinakekeli.
0-15	Ukudebesela ukwenza umsebenzi. (isib. ukukhuluma ungenayo imvume, ukhulume kungelona ithuba lakho lokukhuluma, ukukhohlwa ukuphatha izincwadi eklasini, ukungaphakamisi isandla, ukusukuma ngaphandle kwemvume, ukungashefi, ukugunqozisa isihlalo, njll.)
0-15	Ukuziphatha noma ukukhuluma ngendlela engafanele (kubhekwa iminyaka)
0-5	Ukugcona nokwetha abanye amagama.
5-15	Ukuphikisana. Ukulwa kwabafundi.
5-15	Ukubukela uma kuhlolwa.
5-15	Ukuhlukumeza izilwane.
5-15	Ukudelela/ukufaka abanye umoya wokwedelela. (isib. ukuqhubeka nokukhuluma)
5-15	Ukungahloniphi ama-prefects/ozakwenu/umfundisi/abadala.
5-15	Ukungaziphathi kahle ehostela.
5-15	Ukungabambisani ngesikhathi sokufunda/ngesikhathi sezemidlalo. (isb. Ukuqhubeka nokukhuluma)
5-15	Ukushaya izingcingo ezingagunyaziwe.
5-15	Ukungcolisa.
5-15	Ukugqoka impahla engafanele esikoleni, ehostela, ngezikhathi zemcimbi yesikole noma isikole sihambile.
5-15	Ukuba wumnikazi wento engafanele, ukufinyelela kuyo noma ukuqamba/ubhale into engafanele, isib. okufundwayo noma okubonwayo.
5-15	Ukuziphatha ngobudlova.
5-15	Ukungathembeki kanye nokwenza into ngenhloso yokukhohlisa.
5-15	Ukutholakala nomakhalekhukhwini, izinto ezisebenza ngogesi kanye neziqukethe ulwazi, kubalwa ama-flash drives, SD cards, esikoleni/ehostela.
<ul style="list-style-type: none"> • Uma kuthiwa 0 Order Marks kuchaza ukuthi ngezinye izikhathi umntwana akanikwa ama-order mark kodwa uthola nje isexwayiso. • Izexwayiso ezi-3 ngento/icala elifanayo umntwana uthola ama-order marks ama-5. • Izexwayiso ezi-5 zanganoma ziphi izinto/amacala angafani umntwana uthola ama-order marks ama-5. • Emva kokuba umntwana ethole ama-order marks ngale ndlela, akasenakusithola esinye isexwayiso. 	

UKUHLELWA KWAMA-ORDER MARKS APHEZULU	
Order Marks	Ukweqa Umthetho
80-100	Ukubamba inkunzi/ukweba
80-100	Ukuba umnikazi wezithombe zabanqunu, ukukhombisa, ukulalelisa noma ukubanika okubhaliwe okuveza ubunqunu
80-100	Ukuba nanoma yini ebonakala iyisikhali esiyingozi. Ukuba nendluzula
80-100	Ukumbandakanyeka nezidakamizwa/ukubhema/ukuhogela i-glue
50-100	Ukuthinteka ecaleni/ukugodla ulwazi
50-100	Ukukhuthaza noma ubandakanyeka kwezothando/ukumeshisa
30-100	ukuhlukumeza ngezobuchwepheshe
30-100	ukusebenzisa izinkundla zokuxhumana ngendlela engafanele
10-100	Ukulimaza impahla.
30-80	Ukungathembeki ngesikhathi sesivivinyo/sokuhlolwa/somsebenzi wamamaki.
20-80	Ukuthuka usebenzise ulimi olunamanyala.
10-80	Ukweba into encane. (kuya neminyaka)
50-70	Ukuphuma eMishini ngaphandle kwemvume
20-60	Ukungayi emcimbini wesikole/okunye kwesikole obekumele uye kukho.
20-60	Ukulwa
15-60	Ukuhluleka ukuhambisana nemithetho yasehostela
20-50	Ukuguqula isandla ngenhloso yokuzenza umuntu othile
20-50	Ukwala ukuzibandakanya emsebenzini owenziwa eklasini
20-50	Ukugcona. Ukubizana ngamagama athile. Ukusebenzisa amagama anokubandlululana. Ukusebenzisa izisho noma umzimba ngendlela engalungile (inkulumo buthule).
10-50	Ukuchwensa, ukumelana buthule, ukuqophisana, ukudelela abafundisayo, ukweyisa ungabi nanhlonipho
10-50	Ukuqamba amanga. (kuya ngeminyaka)
15-40	Ukusabisa/ukuhlukumeza/ukulimaza. (ukushiya umaka emzimbeni).
15-40	Ukuba sendaweni ongavunyelwe ukuba kuyo.

UKUZIPHATHA OKULINDELEKILE
Indlela yokuziphatha ebhalwe ngenzansi yiyona elindeleke kubafundi base-Domino Servite School. Ukuziphatha okuvelele kuzocatshangelwa lapho kuklonyeliswa nge- <i>Make a Difference Award</i> .
Ukusebenza ngokukhuthala
Ukukholeka
Ukuthembeka
Ukuziphatha kahle
Ukulawuleka, ungabangi umsindo, ulusizo, uhlonipha, unokubambisana, futhi ulalela
Ukuba isibonelo esihle
Ukugcina isikhathi njalo
Ukuqhubeka ukhombise inhlanzeko
Ukukhombisa uzwelana nabanye
Ukuhombisa inhlonipho
Ukukhombisa ukuthembeka emthethweni yesikole
udalule inkohlakalo
Ukuzivumela isiphambeko ungakabanjwa.

10. Izinyathelo Ezithathwayo Uma Kuqondiswa Abafundi

- 10.1 Icala lesiphambeko esikhulu esenzeke kanye (isib. Ama-order marks ayi-100) liyobhekwa ngalodwana kwenziwe okufanele kuye ngecala lelo.
- 10.2 Umntwana oqhubeka nokungaziphathi kahle aze athole ama-order marks amaningi angalindeli ukuthi uyokwazi ukuzibandakanya noma aphume nesikole/ukuphuma kokuzijabulisa/ezemidlalo njll. Isibalo esincane sama-order marks esiyobhekwa ngonyaka sinjengoba kukhonjisiwe ngezansi, kodwa iBhodi liyokwaziswa uma kunesidingo. Ama-order marks umfundi awathola ngesigamu sesi-4 sonyaka ophelayo ayobhekwa yi-LLM.

Foundation Phase	30 order marks
Intermediate Phase	40 order marks
Senior Phase	40 order marks
FET Phase	30 order marks

- 10.3 Lesi sinyathelo siyothathwa ngezikhathi ezehlukene uma umntwana ethola ama-order marks noma enze icala lokuxoshwa. Abazali bayokwaziswa uma isimo sama-order marks omntwana sishintsha.

Order Marks	Isinyathelo
10	Isijeziso soku-1 (uhlala angenzi lutho ihora eli-1)
20	Isijeziso sesi-2
30	Isijeziso sesi-3
40	Isijeziso sesi-4
50	Isijeziso sesi-5.
60	Isijeziso sesi-6.
70	Isijeziso sesi-7
80	Isijeziso sesi-8
90	Isijeziso sesi-9
100	Imigudu yokumiswa/ukuxoshwa iyalandelwa

- 10.4 Uma umfundi efika emva kwesikhathi kwi-detention, umfundi kuyofamele aphinde ahlalele enye i-detention isikhathi esiyi- $\frac{1}{2}$ yehora ngesonto elilandelayo.

11. Indlela Elandelwayo

- 11.1 Ama-order marks anikezwa umfundi ngokushesha emuva kwesiphambeko.
- 11.2 Ama-order marks abhalwa phansi wothisha abenza lowo msebenzi.
- 11.3 Amapheshana e-Detention, azisa umfundi/umzali, akhishwa njalo ngeviki.
- 11.4 Ama-order marks omfundi angabhekisiswa uma umfundi ekhombisa ukuphenduka ekuziphatheni. Lokhu kwenzeka uma amalunga e-LLM ethintana nothisha, angehliswa ama-order marks noma asulwe ngokuphelele.
- 1.1.5 Ama-order marks angaphansi kwama-70 azosulwa ekupheleni konyaka, kodwa azogcinwa emabhukwini ukuze abhekwe esikhathini esizayo uma kuqhubeka ukwephula umthetho onyakeni olandelayo. Ama-order marks angaphezu kwama-70 kuzothathwa ingxenye yawo ifakwe onyakeni olandelayo.

12. Isiphetho

- 12.1 Inqubomgomo, ngokuphelele, iqondene nabo bonke abafundi abafunda e-DSS.
- 12.2 Bonke abazali abafaka abafundi babo esikoleni (nabo bonke abafundi amabanga 4 kuya phezulu kufanele ekwamukelweni kwabo bafunde le nqubomgomo bese besayina ukuvumelana nemithetho nezimiso njengoba zibhaliwe kulo mbhalo futhi bevuma indlela okuqondiswa ngayo esikoleni. Emva kwalokho iyosayinwa yizona zombili lezi zingxenye ekuqaleni konyaka wesikole. Kuwumsebenzi womzali ukuthi athathe izinyathelo uma umntwana engasahambisi ngokwenqubomgomo yase-DSS.

Isixwayiso Sesifundazwe No. 285, 1997: *Izimiso ezithinta ukuziphatha kwabafundi, nokumiswa kwabo kanye nokuxoshwa kwabo ezikoleni zomphakathi.*

UMTHETHO 3: UKUXOSHWA OKWESIKHASHANA

1. I-LLM Ingacela ukuba ingane ike imiswe esikoleni
 - 1.1 ukuze ilungise lapho ingenzanga khona kahle, isikhathi esingaphansi kwesonto.
 - 1.2 amalunga e-LLM/BOD esazothatha isinqumo noma umfundi udinga ukuxoshwa esikoleni emva kwesenzo esingafanele.
2. I-LLM Ingacela ukuba umfundi ame esikoleni ngaphambi kokwethweswa komfundi icala uma kwenzeke okulandelayo:
 - 2.1 umfundi enze icala elinzima esikoleni noma ngaphandle kwesikole elingaholela ekutheni, umntwana axoshwe esikoleni uma sekukhishwa isigwebo.
 - 2.2 kuwumbono weBhodi lesikole (BOD) ukuthi ukuqhubeka nokuthi umfundi abe khona esikoleni kungacindela ukuqondiswa kwabafundi esikoleni noma ukuhlalisana kahle esikoleni noma kambe kuthikameze noma kuvimbe ukuphenyisisa maqondana nalokho kuziphatha.

UMTHETHO 4: UKUXOSHWA

Umfundi angaxoshwa esikoleni uma

1. ukweqa noma yimuphi umthetho ngamabomu njengoba kushiwo emthethweni noma kuyiphi ingxenye yenqubomgomo ngokomthetho (2) (kubalwa nendlela yama-order marks).
2. ngaphakathi noma ngaphandle kwezakhiwo zesikole endaweni yesikole ngaphandle kwesikole uma nje esengaphansi komthetho wesikole, eziphatha ngamabomu ngendlela engaphazamisa ukuziphatha okuhle esikoleni.
3. uma ngamabomu elimaza, ephula ngamabomu noma esebenzisa okwesikole noma okomunye umuntu ngendlela engafanele noma-ke umzimba womunye omuntu.
4. ukwephula ngamabomu noma yimuphi umthetho nomyalelo oqondene nokuhlolwa.
5. ukwedelela ngenhloso umyalelo ovunyelwe ngokomthetho, uvela kuthishanhloko noma yimuphi umfundisi onikwe amandla nguthishanhloko.
6. okhuluma amanga ngamabomu kuthishanhloko nanoma kumuphi uthisha.
7. olahlwe yicala elibi/elinzima enkantolo.
8. ukufaka umoya, ukuhlohla noma ukwenza omunye umfundi ukuba aphule noma ahluleke ukuhambisana nanoma yimuphi umyalelo owumthetho wesikole.
9. wephula amalungelo abanye abafundi okuthola imfundo ngokuphazamisa emaklasini, uvimbe abanye abafundi ukuthi baye emaklasini, uvimbe othisha ukuba bafundise.
10. ukwenqaba, ngaphandle kwesizathu esihle, ukuya eklasini noma ukufundiswa, noma ngaphandle kwesizathu esicacile avele angezi esikoleni noma eklasini.
11. wenza isenzo esiyicala lokuvukela uthisha noma-ke yimuphi omunye muntu onikwe igunya lokumphatha esikoleni.
12. uvimba noma uzama ukuvimba ukuthi uthisha noma yiliphi ilunga elisebenza esikoleni liqhubeke nemisebenzi elimiselwe yona.

UMTHETHO 5: UKULALELA KOKUQONDISWA

1. I-LLM kufanele ikhethhe abantu abazothetha amacala, babe babili okungenani babheke okusoleka kumfundi ukuqinisekisa ukungaziphathi kahle kwakhe.
2. Labo abakhethiwe baxwayisa umfundi ukuthi lokhu kulalela kungaholela ekutheni umfundi axoshwe esikoleni.
3. Laba-ke abakhethwe ukuthetha amacala bangaqhubeka nokuphenya ngendlela ababona ngayo kodwa ngendlela yokuthi umfundi obekwe icala aziswe ngezinsolo abhekene nazo yena futhi anikwe ithuba lokuziphendulela.
4. Abathethi becala kufanele bagcine imininingwane yokuqhubeka kwecala bese bekuletha nombiko kanye nezincomo eziqondene ne-LLM.
5. I-LLM ngokuxhumana ne-BOD uma kunesidingo, bangathatha izinqumo ezilandelayo uma bethola umbiko nokuphikisa okushiwo ngenhla:
 - 5.1 uma umfundi etholakala engenacala, angabuyela esikhundleni sakhe esikoleni.
 - 5.2 uma umfundi etholakala enecala.

UMTHETHO 6: ISIKHALO

Umuntu onesikhalo ngesinqumo esithathwe yi-LLM, angazokhalaza eBhodini lesikole (BOD).

Domino Servite School



Ukuzibophezela NgeNqubomgomo

Mina, (igama lomfundi), ngomusa kaNkulunkulu ngiyavuma ukugcina le Nqubomgomo futhi ngiyethembisa ukuphila ngokwezimiso zeBhayibheli.

1. Ngizoshisekela ukuziphatha ngendlela efanele ezoletha udumo kuNkulunkulu, ekhaya nasesikoleni.
2. Ngiyavuma ukuthi ngizoziphatha ngenhlonipho. Ngiyavuma ukuthi kukhona abantu ababekwe ezikhundleni okuzomele ngibathobebe.
3. Ngiyokwemukela ukuqondiswa esikoleni.
4. Ngiyavuma ukuthi uma ngiphambukile kuyo iNqubomgomo nalokhu okushiwo ngenhla, kufanele ngiqondiswe esikoleni.
5. Ngiyavuma ukuthi isikole sinelungelo lokuhlola izimpahla zami (isikhwama sezimpahla, isudukesi, ideski, njll) ikhabethe lezimpahla, ikamelo engilala kulo noma ngasiphi isikhathi.

.....
Ukusayina komfundi

.....
Usuku

Njengomzali/njengomqaphi ka

.....
Igama lomfundi

Mina,

Igama lomzali/lomqaphi [A]

.....
Igama lomzali/lomqaphi [B]

siyokwamukela ukuqondiswa ngokweNqubomgomo futhi sithathe izinyathelo ezifanele ukuhambisana neNqubomgomo.

.....
Kuyasayinwa [A]

.....
Usuku

.....
Kuyasayinwa [B]

.....
Usuku

Kucelwa ukuba usibuyisele leli fomu ehhovisi lesikole Kanye namafomu okucela isikhala sokufunda.

Ikhishwe yiBhodi lesikole njengokusho komthetho wezikole eNingizimu Afrika ngonyaka we-1996, kanye nomthetho wesifundazwe.

PO Box 49405 Kranskop 3268 KwaZulu-Natal South Africa Tel 032 4815509 Fax 032 4815335 Email mail@dss.org.za
Accreditation Number 13SCH0100008 Registration Number 122581